Isifundo 1

**27 Ndasa –2 Mbaso*

Yini Eyenzeka Na?

ISABATHA NTAMBAMA

Kuleliviki Funda:
AmaHubo. 100:3; Zenzo 17:26; Gen. 2:7, 18–25; Gen. 1:28, 29; Gen. 3:15.

Indimana Yekhanda:
“Wayesethi uNkulunkulu, ‘Masenze isintu ngomfanekiso wethu;. . .’ ngalokho uNkulunkulu wadala isintu ngomfanekiso wakhe, ngomfanekiso kaNkulunkulu wabadala bona; owesilisa nowesifazane wabadala yena” *(Genesis 1:26, 27, NRSV)*.

Umbiko wezibhalo wokudalwa kwesintu ungogcwele ithemba, injabulo, kanye nokuphelela. Usuku ngalunye lokudala lwagcina ngesimemezelo esingcwele sokuthi “kuhle.” Nembala lokhu kwakungabali iziphepho, ukuzamazama komhlaba, indlala, kanye nezifo. Yini Eyenzeka na? Usuku lwesithupha lokudala lwagcina ngesimemezelo esingcwele sokuthi “kuhle kakhulu.” Lokhu kungenxa yokuthi ngalolosuku uJehovah wadala izidalwa ngomfanekiso Wakhe: abantu. Into ayengazange ayenze kunoma yikuphi embikweni kaGenesisi. Lezizidalwa, nembala, zaziphelele kukho konke; kwakufanele kube njalo. Zazenziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu. Ngalokho, ngokudingekile, kwakungafakiwe Ukubulala, ubusela, ukuqamba amanga, ukukhwabanisa, kanye nokungcola kubo. Yini Eyenzeka na? Isifundo saleliviki sibuka Indalo, kulokho uNkulunkulu akwenza ekuqaleni, bese sibuka kokwenzeka kuleyoNdalo ephelele. Ekugcineni, sithinta kwindikimba yalekota: lokho uNkulunkulu akwenzayo ukulungisa izinto. Ukubuka Iviki: Yini efundiswa yiBhayibheli mayelana nesiqalo na? Budlelwane buni uNkulunkulu ayebufuna nesintu na? Kwakuyini inhloso yomuthi wakwazi okuhle nokubi na? Themba lini elanikezwa kuAdamu noEva emuva kokuba sebewile na?

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha, Mbaso 3.*

Ukwehla Kwezinto Okungapheli . . .

"Ekuqaleni uNkulunkulu wadala Izulu kanye nomhlaba" (Gen. 1:1). Usosayensi wayeqeda kufundisa ngokuzungeza kwemihlaba izungeza ilanga, kanye nokuhamba kwelanga kumongo womkhathi, ngenkathi isalukazi esasigqoke amateku amnyama siphakama sithi umhlaba wabe uyishashalazi elihlezi phezu kofudu. Usosayensi, ngokubhuqa, wabuza ukuthi Ufudu lona luhlezi phezu kwani, lapho saphendula isalukazi ngokuthi lwaluhlezi phezu kolunye Ufudu. "Mama," kuqhubeka usosayensi ehlekisa, "bese lolofudu luhlala phezu kwani na?" saphendula, "Kolunye Ufudu," kepha ngaphambi kokuba usosayensi abuze ngalolofudu, isalukazi sakhomba ngokumnwe ebusweni bukasosayensi sathi, "Hlis'umoya mfana, izimfudu Ukushona le ezansi." Noma kuhlekisa kanjani, ukuthi indaba imayelana nodaba olubucayi lobukhona besintu—isimo sezwe lonke uqobo. Uyini lomhlaba esesizithola sesikuwo singazange sikhethe na? Kungani silapha na? Safika kanjani lapha na? Futhi ekugcineni siyakuphi na? Lena yimibuzo eyisisekelo engase ibuzwe ngabantu, ngoba ukuqonda kwethu ukuthi singobani futhi safika kanjani lapha kuzothinta ukuqonda kwethu ngendlela okumele siphile ngayo nekumele senze ngayo ngenkathi siselapha.

Buka izindimana ezilandelayo: Gen. 1:1; Hub. 100:3; Isa. 40:28; Zenzo 17:26; Efes. 3:9; Heb. 1:2, 10. Ngayinye, ngendlela yayo, iyiphendula kanjani Imibuzo engenhla na? Yiliphi iphuzu elilodwa elifanayo kuzozonke na?

Okuthathekisayo ngoGenesisi 1:1 (kanye nezinye izahluko) ngukuthi iNkosi ayizami ukuqinisekisa ukuthi inguMdali. Azikho izimpikiswano ezinde ukwenza leliphuzu. Kunalokho, kubekwa ngokusobala, ngaphandle kokuzama ukulungisisa, ukuchaza, kanye nokufakazisa. Singakwamukela Ngokholo, noma singakwamukeli. Empeleni, ukholo Iyona kuphela indlela yokukwamukela lokho, ngesizathu esisodwa: akekho kithina owayekhona ngenkathi kudalwa. Kwakungeke futhi kwenzeka ukuba sibekhona ekudalweni kwethu. Nalabo abangakholwa, nakuba umbono wabo wendabuko uthini, kumele bamukele lokhu Ngokholo ngendlela efanayo nalabo abakholelwa ekudalweni: akekho kithina owayekhona ngenkathi kudalwa.

Nakuba kunjalo, nakuba uNkulunkulu esicele ukuba sikholwe Kuyena njengoMdali, akasiceli ukuba sikholwe ngaphandle kokusinikeza isizathu esihle sokukholwa. Ngokubona ukuthi kukhona ukukholwa okuthile okudingekayo kukho konke esikholelwa kukho, bhala phansi izizathu zokuthi kungani kwenza umqondo ukuba nokholo lokuthi silapha ngoba uMdali wasibeka lapha ngenhloso, ngokumelene nomqondo wokuthi imvelaphi yethu isekelwe kucilo ezishaya endukwini.

Emfanekisweni WoMdali (Gen. 1:27)

IBhayibheli lithi uNkulunkulu wadala isintu—owesilisa nowesifazane—"ngomfanekiso Wakhe" (Gen. 1:27, NKJV). Ngokugxile kulomqondo, phendula Imibuzo elandelayo:

1. Kuchaza ukuthini ukuthi uNkulunkulu wasidala thina ngomfanekiso Wakhe na? Kungaziphi izindlela "singumfanekiso Wakhe" (NKJV) na?

---

2. Ngokombiko kaGenesisi, ngabe iNkosi yenza okunye "ngomfanekiso Wayo" (NKJV) ngaphandle kwesintu na? Uma Kungenjalo, lokho kusitshelani ngokuba sodwa kwethu, ngokuqhathaniswa nayo yonke enye indalo na? Zifundo zini esingazitomula kulokhu na?

---

3. Yikuphi okunye okungatholakala kulombiko wokudalwa kwesintu okubekela isintu eceleni kwakho konke okunye iNkosi eyakudala na? buka uGen. 2:7, 18–25.

Nakuba kumele sikhulume ngoNkulunkulu ngolimi lwesintu, akumele sikhohlwe ngukuthi ungumoya Yena (Johane 4:24), enezimpawu eziNgcwele. Esingakusho nje ngukuthi ezimweni zethu zenyama, zengqondo, nakwezikamoya, siveza ngendlela ethile uMdali wethu, nakuba kukuniningi Ngaye okuseyimfihlo. IBhayibheli ligcizelela, nokho, izigaba zezikamoya kanye nezomqondo wezingqondo zethu. Lezizigaba singazithuthukisa zibengcono. Kungukukhetheka komqondo wesintu okwenza ubudlelwane bethu noNkulunkulu bondleke, okuyinto konke okunye okudaliweyo emhlabeni kaNkulunkulu kubukeka kungakwazi ukukwenza. Qaphela, futhi, ukukhetheka kwendlela uNkulunkulu adala ngayo Owesifazane. Bobabili owesilisa ngowesifazane babelana ngethuba elimangalisayo lokwenziwa ngomfanekiso kaNkulunkulu. Ekudalweni kwabo, akukho okuveza Omunye engaphansi komunye. UNkulunkulu ngoKwakhe wabenza bobabili ngesakhi esifananyo. UNkulunkulu wabenza bobabili balingana kwasekuqaleni futhi wababeka ndawonye ebudlelwaneni obukhethekile Nanye. Bobabili babenamathuba afanayo okukhulisa izimilo zabo abazinikwe nguNkulunkulu ngendlela ezoletha udumo kuYena. "UNkulunkulu ngoKwakhe wanikeza uAdamu umlingani. Wamhlinzeka 'ngomsizi'—umsizi ohambisana naye—lowo owayefanelekile ukuba ngumlingani wakhe, futhi owayezoba naye othandweni nasekuzweleni. UEva wadalwa ngobambo olwathathwa ohlangothini lukaAdamu, okuveza ukuthi wakungamele amlawule njengekhanda, noma amnyathele ngezinyawo zakhe njengento ephansi, kunalokho wayezoma eceleni kwakhe njengomlingani, ukuba athandwe futhi avikelwe nguye."—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, p. 46.

UNkulunkulu NeSintu Ndawonye
(Gen. 1:28, 29)

Qaphela amazwi okuqala akhulunywa nguNkulunkulu kubantu, okungenani njengalokhu evela Ezibhalweni. Ubakhomba ekukwazini kwabo ukuzala, nokwandisa uhlobo lwabo. Abakhombe futhi kuwo umhlaba, endalweni, futhi abatshele ukuba bawugcwalise, bawunqobe, futhi babuse phezu kwawo. Abakhombe futhi ezitshalweni abangazidla. Ngokufingqiwe, NgokweBhayibheli, amazwi okuqala kaNkulunkulu kubantu amayelana nokuxhumana kanye nobudlelwane nomhlaba.

UGenesisi 1:28, 29 usitshelani ngendlela uNkulunkulu abuka ngayo umhlaba na? Ngabe agudla ukuthi kukhona okungalungile ngezinto eziphathekayo kanye nokuzithakasela kwethu na? Zifundo zini esingazifunda kulemibono yokuqala emlandweni wesintu mayelana nendlela okumele sixhumane ngayo nendalo na?

Futhi, ngalamazwi, uNkulunkulu Uthatha izinyathelo zokuqala ebudlelwaneni nesintu. Ukhuluma kubo, abanikeze imiyalelo, abatshele okumele bakwenze. Kunomthwalo okulamazwi futhi. UNkulunkulu ubacela ukuba babuse phezu kwalendalo emangalisayo eyenziwa nguYena.

UGenesisi 1:28 uthi uNkulunkulu wabusisa uAdamu noEva. Kusho ukuthini lokhu na? Ubudlelwane obunjani obuchazwa phakathi kwabo noMdali wabo na?

UNkulunkulu wakhuluma noAdamu noEva njengezidalwa ezihlakaniphile ezazingakwazi ukuphendula ubumnene Bakhe futhi zibe nobudlelwane Naye. Futhi, njengezidalwa ezintsha, uAdamu noEva babencike phezu kwesibusiso kanye nokunaka kukaBaba onguMdali. Wabahlinzeka ngakho konke ababekudinga. Akukho ababekwenzile ukufanela lokho ayebanikeza kona. Babengabamukeli nje balokho abangakusebenzelanga.

Lapho sifunda ngokudalwa kwendoda nomfazi, sibona izinto, ngaphambi kwesono, zohlobo lobudlelwane uNkulunkulu afuna ukuba nabo nathi njengemanje, ngemuva kwesono. Buyekeza isifundo sosuku ubone ukuhambisana ongakuthola okungasisiza siqonde indlela esingadlelana ngayo Naye nakuso isimo sethu sokuwa.

Emthini

"UJehova uNkulunkulu wayesemyala umuntu, ethi, Kuyo yonke imithi yensimu ungadla ngokuthanda kwakho: kepha emthini wokwazi okuhle nokubi, ungadli kuwo; ngokuba Ngosuku oyokudla ngalo kuwo uyakufa nokufa" (Gen. 2:16, 17). Lesisivivinyo sanikeza uAdamu noEva ithuba lokusebenzisa ilungelo lokuzikhethela. Sabanikeza futhi inselele yokuvumelana noma Ukuphikisana nobudlelwane babo noMdali. Sibonisa futhi ukuthu uNkulunkulu wayebenze baba yizidalwa ezikhululekile. Nembala, uma bengazange babenalo ithuba lokungalaleli, uJehovah wayezihluphelani ngokubaxwayisa ngokungalaleli na?

"Konke okwandulela lesisahluko kuphendle indlela yaloluvuthondaba [Gen. 2:16, 17]. Ikusasa lesintu ligxile kulesisenqabelo. Umuntu akumele adidwe ngubuningi bezinto. Ngumyalelo owodwa wezulu okumele awukhumbule. Ngalokhu kunciphisa imiyalelo ube munye. U-Yaweh unikeza izimpawu zomusa Wakhe. Ngaphandle kwalokho, ukubonisa ukuthi lomyalelo owodwa awusindi, uJehovah uwunikeza phakathi kwemvume ebanzi: 'kunoma yimuphi umuthi wensimu ungadla ngokuthanda.' "—H. C. Leupold, *Exposition of Genesis* (Columbus, OH: Wartburg Press, 1942), vol. 1, p. 127.

Ngokubizela uAdamu noEva ekulaleleni intando Yakhe, uNkulunkulu wayethi: NginguMdali wenu, nginenze ngomfanekiso Wami. Impilo yenu igcinwe kweYami, ngokuba Ngami niyaphila futhi niyahamba futhi ninobunina. Nginihlinzeke ngakho konke ukuba nijabule (ukondleka, ikhaya, ubudlelwane besintu) futhi nginisekele nina njengababusi balomhlaba ngaphansi Kwami. Uma nifuna ukuqinisa lobubudlelwane Nami ngoba ningithanda, ngiyoba nguNkulunkulu wenu, futhi nina nibe ngabantwana Bami. Futhi ningaqinisa lobubudlelwane futhi nithembele kubo ngokuphelele ngokulalela nje lomyalelo oqondile.

Ekugcineni, ubudlelwane bethu noNkulunkulu bungasebenza futhi bube ngobaphakade uma nje sikhetha ukwamukela intando Yakhe. Ukwenqaba intando Yakhe, Empeleni, kungubanga ukuzimela. Kukhombisa ukuthi sikholwa wukuthi asimdingi Yena. Lokhu ngukukhetha okungumphumela wokwazi okubi, futhi ububi buholela ekuqheleni, kumzwangedwa, ekuxakanisekeni, nasekufeni.

Isivivinyo uNkulunkulu asinikeza uAdamu noEva kwakungesokwethembeka kanye nokholo. Babezothembeka yini kuMdali wabo, owayebanikeze konke abakudingayo, kanye nezinjabulo zomhlaba, noma babezohamba ngendlela yabo, emelene nentando Yakhe na? Babezoba nalo yini ukholo olwanele Kuye futhi bakholwe ezwini Lakhe na? ukwethembeka kwabo kanye nokukholwa kwavivinywa ngomuthi wokwazi okuhle nokubi. Kungaziphi izindlela esibhekana nezivivinyo ezifanayo nalesi nsuku zonke na? Umthetho kaNkulunkulu usebenza kanjani ngokufanayo nomyalelo onikezwa kuGenesisi 2:16, 17 na?

Ukwephula Ubudlelwane

Sivama ukukholwa abantu esibaziyo futhi singabathembi esingabaziyo. Ngokwemvelo uEva wayengamthembi uSathane. Ngale kwalokho, ukuhlasela uNkulunkulu ngokusobala kwakuzomenza axwaye. Zinyathelo zini, ke, ezathathwa nguSathane ukugwema ukuvikeleka kukaEva na? (Gen. 3:1–6).

"Nakuba kukubi kangakani ukona kukaEva futhi kugcwele usizi lwesintu, ukukhetha kwakhe kwakungafaki isintu esijezisweni sokona kwakhe. Kwaba ngukukhetha ngamabomu kukaAdamu, ekuqondeni kwakhe ngokuphelele umyalelo kaNkulunkulu, okwenza isono kanye nokufa kube yinto engagwemeki kubantu. UEva wakhohliseka; uAdamu akazange."– *The SDA Bible Commentary*, vol. 1, p. 231. Ngenxa yalokhu kona ngamabomu kanye nokungashayi indiva umyalelo kaNkulunkulu, Ubudlelwane phakathi kukaNkulunkulu nesintu manje sebuphukile. Kwaguquka ekubeni ngubudlelwane obuvulelekile noNkulunkulu kwaba nokwesaba nokubalekela ubukhona Bakhe (Gen. 3:8–10). Ukuqhela nokwehlukana kwathatha indawo yobudlelwane nokuxhumana. Kwaqhamuka isono, futhi yonke imiphumela emibi yalandela. Ngaphandle kokuba kwenzeke okuthile, isintu sasibheke ekufeni kwaphakade.

Phakathi kwalenhlekelele, yimaphi amazwi ethemba kanye nesithembiso akhulunywa nguNkulunkulu na? (Gen. 3:15.)

Izwi likaNkulunkulu elimangalisayo lethemba lesiprofetho likhuluma ngobutha obugcotshiwe phakathi kwenyoka nowesifazane, phakathi kweNzalo yowesifazane kanye nenzalo yayo. Lokhu kuba novuthondaba ekuqhamukeni okunqobayo kwalowo omele Inzalo yowesifazane oshaya kabi ikhanda likaSathane, njengoba yena wayezokwazi nje ukulimaza isithende sikaMesiya. Ekuphelelweni kwabo amandla ngokuphelele, uAdamu noEva babezothola amandla kulesisithembiso sikaMesiya, ithemba elalizoguqula izimpilo zabo, ngoba lelithemba lalinikezwa nguNkulunkulu futhi liphaswa nguNkulunkulu. Lesisithembiso sikaMesiya kanye nokunqoba kokugcina, nakuba singakhulunywanga ngokusobala ngalesosikhathi, sasusa ukuhwaqabala ababekubo ngenxa yokona.

Funda uGenesisi 3:9, lapho uNkulunkulu ethi kuAdamu noEva " 'Nikuphi na?' " (NKJV). UNkulunkulu, nembala, wayazi ukuthi babekuphi. Amazwi Akhe, kunokuba agcwale ukugweba, kwakumele adonsele Kuye isintu esasesinecala. Kafushane, amazwi okuqala kaNkulunkulu esintwini esiwileyo eza nethemba lomusa Wakhe kanye nesihawu. Kungaziphi izindlela esithola, namanje, uNkulunkulu esibizela esihawini nasemuseni Wakhe na?

Cabanga Kabanzi:

IBhayibheli liyachichima wubizo lwezoni nabahlubukileoyo. Qhathanisa Hub. 95:7, 8; Isa. 55:1, 2, 6, 7; Luka 15:3–7; Luka 19:10. Yiziphi ezinye ongazithola na? Funda u-Ellen G. White, "The Creation," pp. 44–51; "The Temptation and Fall," pp. 52–62; and "The Plan of Redemption," pp. 63–70, in *Patriarchs and Prophets*. "Kwakunensthumayelo yevangeli, ngiyacabanga, kulawo magama amathathu ezulu ngenkathi engena esikhotheni, futhi efinyelela ezindlebeni zababhaci—'Ukuphi na?' UNkulunkulu wakho akazimisele ukukweswela; uze ukuzokufuna wena, njangalokhu kamuva eqonde ukuza ngeNdodana Yakhe, hhayi nje ukuzofuna kepha ukuzosindisa lokho njengamanje okulahlekileyo."—Charles Haddon Spurgeon, *The Treasury of the Bible* (Grand Rapids, MI: Zondervan Publishing House, 1962) Old Testament, vol. 1, p. 11.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Ngenxa yokuthi loNkulunkulu omnene nonakayo nguYena ofuna isintu, singasabela kanjani kulokhu kwethulwa kothando nguBaba kanye noJesu Kristu namanje na? UJehovah ulindele ukuba sisabele kanjani na?

2. Qhathanisa umfanekiso wezibhalo wesintu njengesiwile endaweni ephakeme yendalo kaNkulunkulu futhi sidinga ukuhlengwa kanye nemfundiso yezokusombuluka. Yikuphi okunikeza ithemba, futhi kungani na?

3. Busemqoka kangakanani Ubudlelwane bothando ekujabuleni kwesintu na? Kungani Ubudlelwane obuqinile noNkulunkulu budingekile kulobubudlelwane na? Xoxani ngethonya lobudlelwane besintu obuphilile kubantu abakulobobudlelwane (umzali-nengane, abangani, umyeni-nomkakhe, umqashi-nomqashwa, njalo, njalo.).

Isiqoqo: UNkulunkulu wasidala ngomfanekiso Wakhe ukuze Ubudlelwane bothando bungabakhona phakathi Kwakhe kanye nathi. Nakuba ukungena kwesono kwahliphiza lobobunye bokuqala, uNkulunkulu ufuna ukubuyisela lobubudlelwane ngecebo losisindiso. Njengezidalwa ezincikile, impilo isho utho lweqiniso futhi ibe sobala kuphela uma singena ebudlelwaneni noMdali wethu.